# Asigwinyisi mathe isimo sempilo yeSilo

Indlu yobuHoli boMdabu noHulumeni waKwaZulu-Natali bafisele iSilo samaBandla, uGoodwill Zwelithini kaBhekuzulu, ukwelulama okusheyayo ngemuva kokungeniswa esibhedlela ngenxa yesifo sikashukela.

Kube sekunxenxwa abantu bakuleli ukuthi bakhulekele iSilo.

Izindaba zokungeniswa esibhedlela kweSilo Samabandla zidalulwe uNdunankulu kaZulu, uMntwana Mangosuthu Buthelezi ngeSonto. Iphephandaba likazwelonke libike ukuthi iNkosi uButhelezi ucele isizwe sonke kuhlanganisa abaHoli bamaBandla namakholwa ukuba kukhulekelwe iNgonyama kaZulu ukuthi isheshe ilulame njengoba ixinwe ukugula.

USihlalo weNdlu yobuHoli boMdabu KwaZulu-Natali, iNkosi Phathisizwe Chiliza, uhambe emazwini kaButhelezi wacela amakhosi, izinduna nemikhandlu yonke nesizwe ukuba kukhulekelwe iMbube ngokujulile ngalesikhathi esinzima.

Kanti UChiliza uphinde wabonga uShenge ngokubikela isizwe ngendlela enesizotha nenhlonipho mayelana nesimo sempilo seSilo.

UNdunankulu esifundazweni sawaKwaZulu-Natali, uMhlonishwa, uSihle Zikalala naye ube esefisela iSilo ukwelulama okusheshayo.

UButhelezi ubike ukuthi iSilo singeniswe egunjini labagula kakhulu esibhedlela ngokomyalelo wodokotela khona kuzobhekwana kahle nesimo saso.

Amalungu omphakathi waseMnambithi nawo ayanxuswa ukuthi akhulekele iSilo Samabandla onke kanye nomndeni waso ngalesikhathi bebhekene nobunzima.

Amalungu omphakathi waseMnambithi namaphethelo ayanxuswa ukuthi aqhubeke nokulandela yonke imithetho ebekwe uHulumeni ukugqwma ukubhebhetheka kwegciwane leCorona.

Kanti amalungu omphakathi angakwenza lokhu ngokuqhubeka nokugqoka izanfonyo, ukugcina ibanga lamamitha amathathu, ukuhlamba izandla ngamanzi anensipho noma asebenzise ama-sanitizer ngaso sonke isikhathi njengoba leligciwane lisaqhubeka nokuzoniuka amandla kakhulu ngalesi sikhathi.

Iphephandaba lomphakathi lindlulisa amazwi okuzwelana nayo yonke imindeni elahlekelwe izihlobo zayo ngalesikhathi.




*UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemaKhaya KwaZulu-Natal uNkk Bongi Sithole-Moloi.*

# Bayibona ngamehlo intuthuko abalimi baKwaZulu-Natali

Banyelwe inyoni esandleni abalimi abangu-28 000 baKwaZulu-Natali njengoba uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemaKhaya KwaZulu-Natal uNkk Bongi Sithole-Moloi ebanikelele ngezimoto zakwaVW ezibiza imali elinganiselwa ku-R 3,3 million ngenhloso yokubalekelela uma kufika isikhathi sokuvuna.

Loku kuza emuva kokuba ngonyaka ofile,uNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, Nkk Sithole-Moloi alidonsa ngendlebe ithimba lakhe eliseZululand, wathi kumele livune u-3 500 wamahektha ngenkwindla elandelayo ngoba uma lingakwenzi lokho, lizowukhomba umuzi onotshwala.

UNkk Sithole-Miloi waphinde wazwakalisa ukungenami ngomhlaba ongalinyiwe eZululand ekubeni abantu begqugquzelwa ukuthi babuyele emhlabathini belime ukuze bezokwazi ukuziphilisa kanye nemindeni yabo ngalesikhathi izwe libhekene nengwadla yobhubhane legciwane.

UNgqogqoshe uphinde wajuba izikhulu ezingu-40 ezizosebenza ukuqinisekisa ukuthi abalimi abangu 28 000 bayayithola imali elinganiselwa ku-R 1billion eyakhiswa uMengameli wezwe laseNingizimu Afrika uCyril Ramaphosa ukuba ilekelele abalimi.

**INCAZELO YEPHROJEKTHI: ISICHIBIYELO ESIHLONGOZWAYO KOKUKHONA EMODELKLOOF EXT 18 ISAKHIWO SENDAWO YOKUHLALA, UHLELO OLUJWAYEKILE KUNYE NEZIMO ZENTUTHUKO EMODELKLOOF LADYSMITH ESIFUNDAZWENI SA KWAZULU NATAL**

| | |
|---|---|
| PROJECT DESCRIPTION | ISICHIBIYELO ESIHLONGOZWAYO KOKUKHONA EMODELKLOOF EXT 18 ISAKHIWO SENDAWO YOKUHLALA, UHLELO OLUJWAYEKILE KUNYE NEZIMO ZENTUTHUKO EMODELKLOOF LADYSMITH ESIFUNDAZWENI SA KWAZULU NATAL. |
| APPLICANT | HOUSING DEVELOPMENT AGENCY |
| EAP | GRACE MAGAYA |
| DATE OF NOTICE | Thursday 11th of February 2021 |

**INCAZELO YEPHROJEKTHI**

I-ejensi yokuThuthukiswa kweziNdlu (i-HDA) iphakamise ukuchibiyelwa kohlaka lwamalokishi aseModelkloof ext 18, ukuhlelwa kohlelo jikelele kanye nezimo zentuthuko eModelkloof, Ladysmith ukuze kuthuthukiswe iphrojekthi ehlangene yokuhlaliswa kwabantu. Ngaleso sikhathi kunikezwe isaziso ngokoMthethonqubo 41 (2) oshicilelwe ku-GN R. 982 **woMthetho Kazwelonke Wokulawulwa Kwezemvelo, we-1998 (Umthetho we-107 ka-1998):** Imigomo Yokuhlola Umthelela Wezemvelo, ka-2014 (njengoba kuchitshiyelwe) neSigaba 41 (4) se Umthetho Wezamanzi **Kazwelonke, we-1998 (Umthetho we-36 we-1998)** wokuthi isicelo sokugunyazwa Kwezemvelo sizothunyelwa eMnyangweni Wezokuthuthukiswa Komnotho, Ezokuvakasha Nezemvelo KwaZulu-Natali, kuzofakwa isicelo selayisense Yokusebenzisa Amanzi eMnyangweni Wezamanzi Nenhlanzeko ( I-DWS) kanye nesicelo seLifa leMagugu kuzothunyelwa kuProvince Heritage Heritage Authority kanye neSiphathimandla Sezamagugu aseNingizimu Afrika egameni le-Ejensi yokuThuthukiswa kweziNdlu (i-HDA).

**ISIQINISEKISO SEZOBUCHULE**

The National Environmental Management Act (NEMA), 1998 listed activities applied for in respect of the Environmental Impact Assessment Regulations, 2014 (as amended), and for which an Environmental Impact Assessment is required:

| Regulation | Activity Number | Description |
|---|---|---|
| GNR Listing No 1 | 19 | Ukugcwaliswa noma ukufakwa kwanoma yikuphi okokusebenza okungaphezulu kwamamitha ayi-10 cubic, noma ukugawulwa kabusha, ukumbiwa, ukususwa noma ukunyakaziswa kwenhlabathi, isihlabathi, amagobolondo, indawo yokubeka ama gobolondo, amatshe amatshe noma amatshe angaphezu kwamamitha ayi-10 cubic ukusuka kumthombo wamanzi; |
| GNR Listing No 2 | 15 | Ukucaciswa kwendawo engamahektha angama-20 noma ngaphezulu kwezimila zomdabu. |
| GNR Listing No 3 | 12d (v) (viii) | Ukuchithwa kwendawo enamamitha angama-300s noma ngaphezulu kwezitshalo zomdabu ngaphandle kwalapho ukudalulwa kwezitshalo zemvelo kudingekile ngez inhloso zokulungisa okwenziwa ngokuhambisana nohlelo lokuphathwa kokulungiswa kwezakhiwo (d) iKwaZulu Natali (v) izindawo ezibucayi zemvelo ezinhlobonhlobo njengoba kukhonjwe ezinhlelweni ezihlelekile zezinto eziphilayo yamukelwa yigunya elinekhono noma ezinhlelweni zebhayoloji. |
| GNR Listing No 3 | 14(ii) d (ii) (vii) | Ukuthuthukiswa (ii) kwengqalasizinda noma kwezakhiwo ezinendawo eyi-10square metres noma ngaphezulu; (d) (vii) Izindawo ezinhlobonhlobo zezinto eziphilayo noma izindawo zokusekelwa kwemvelo njengoba kukhonjwe ezinhlelweni ezinhlobonhlobo zezinto eziphilayo ezaqalwa yigunya elinamandla noma ezinhlelweni zezinto eziphilayo. |

National Water Act listed activities applied for in respect of the Water Use License Regulation, 1998 and for which Water Use Licence is required are:

| Regulation | Activity NO | Sub-section |
|---|---|---|
| Section | 21C | ukuphazamisa noma ukuphambukisa ukuhamba kwamanzi emgodini wamanzi; |
| Section | 21I | ukuguqula umbhede, amabhange, inkambo noma izici zomgwaqo wamanzi |


A Heritage Licence under the National Heritage Resources Act [NHRA], 1999 (Act No. 25 of 1999) for Heritage Impact Assessments as required in Section 38(8) of the NHRA.

| Regulation | Subsection | |
|---|---|---|
| Section 38 | (1) (c) (i) | Noma yikuphi ukuthuthuka noma omunye umsebenzi ozoguqul similo sendawo— (i) edlula ama-5 000 m2 ubukhulu. |

**ISAZISO SOKUXHUMANA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI**

Njengengxenye yenqubo yokubamba iqhaza komphakathi, umphakathi unikezwa isikhathi sokuphawula sezinsuku ezingama-30 ukusuka ngomhlaka 11th of February 2021 to 12th of March 2021, ukubhalisa njengeqembu Elinentshisekelo Nelithintekayo (I&AP) ngokuthumela igama lawo, imininingwane yokuxhumana namazwana ku iphrojekthi eya ku-EAP **ngemininingwane yokuxhumana engezansi:**

**Mrs Grace Magaya**
**GKM Consulting Services PTY LTD**
**Mobile No: 081 494 1611**
**Email Address: grace@gkmenvironmental.co.za**




# Sinifisela izilokotho ezinhle ngosuku lwezithandani

Iphephandaba lomphakathi Uthukela Eyethu lithanda ukufisela abafundi baleli phephandaba lomphakathi izilokotho ezinhle ngosuku lwezithandani noluzobe lubungazwa ngeSonto, mhla ka-14 kuNhlolanja.

Lolu wusuku lapho khona umuntu ekhombisa uphawu lothando kuloyo asuke esondeleni naye. Lokhu-ke phambilini kwakungabungazwa njengosuku lwezithandani ezisuke zinobudlelwano bothando olujulile olusuke luphakathi kwabantu ababili abasuke bethandana, kepha lwaluqondiswe ekusabalalaliseni uthando esidlweni samaKristu kulandelwa ezinyathelweni zikaVilentine ongcwele.

Kepha njengoba sesazi sonke ukuthi esikhathini samanje lolusuku selubungazwa njengosuku lwezithandani, siyilezizinhlaka ezehlukene sithi sifisela zonke izithanda usuku oluhle nolunezilokotho ezinhle, kwangathi lungabungazwa ngentokozo luqunise nobudlelwane bothando ebantwini abathandanayo.

Iphephandaba lomphakathi Uthukeola Eyethu liphinde ligqugquzele izithandani ukuthi zingalindi usuku lwe'Valentine' ukuze zikhombisane uthando kodwa akube yinto eyenzeka zinsuku zonke njengoba uthando lungenamibandela. Amalungu omphakathi waseMnambithi ayanxenxwa ukuba aqhubeke nokulandela imithetho yomvalelandlini ngalesikhathi ukugwema ukusabalala kwegciwane, iCoronavirus.

Sithi phansi ngesihlava esibi esesiphenduke insakavukela umchilo wesidwaba sokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nezingane kuleli laseNingizimu Afrika. Indoda yangampela ayibahlukumezi abantu besifazane kanye nezingane kodwa ikwenza umthwalo wayo ukuqinisekisa ukuthi bavikelekile ngaso sonke isikhathi.

Uthando aluhlukumezi, alukhalisi, aluzifuneli okwalo kodwa luhlezi lumnene ngaso sonke isikhathi.